NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2025

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2025

ISIQEPHU A *IQONDE KUPHI LE NDLELA* – SIKHUMBUZO XABA

UMBUZO 1

1.1 C osemdala kakhulu kodwa ongashadile

1.2 Wayehlala efulethini/eKapa

1.3 UZama wayethukutheliswa wukuthi uMzwakhe ubenentombi eKapa.

UZama ubemethemba kakhulu uMzwakhe, ukuzwa nje ukuthi unenye intombi kumphatha kabi kakhulu.

1.4 UNomonde wakhipha uMzwakhe ukuba bayokudla isidlo sakusihlwa wase wamcela ukuba bangene ngaphakathi endlini walala naye. Wamthanda ezinsukwini efikile emsebenzini ngoba ethi umkhumbuza isoka lakhe lakudala uJerry. Wamyenga ukuba bayodla isidlo sakusihlwa emva kwalokho uNomonde wamngenisa endlini yakhe bachitha ubusuku ndawonye.

1.5 Ungumuntu ozimiselayo empilweni uma efuna into, wakwazi ukuthi uyayithola. Ungumuntu ongalesabi ihlazo. Wazishelela yena uMzwakhe bagcina bethandana/belalile. Akasabi lutho unesibindi walandela uMzwakhe waze wakuthola lapho ehlala khona KwaZulu-Natal/kwesinye isifundazwe. uNomonde uyazimisela kakhulu ngomsebenzi wakhe ngoba usesikhundleni esiphezulu emsebenzini wakhe.
(**Nokunye okunembayo.**)

1.6 1.6.1 Amveza njengomuntu onolaka, onenhliziyo elukhuni. UMzwakhe angabulala noma ngubani osondelana noZama njengoba akwazi ukubulala uThemba. UMzwakhe ungumuntu onothando olukhulu lukaZama lokhu kubonakala ngokuthi enze ubugebengu ukuze akwazi ukunikeza uZama impilo enhle. Ngisho noma uKK esembonisa ukuthi uZama uyefana nawo wonke amantombazane angamshiya noma yinini, kepha uMzwakhe uyakuphikisa lokho.
(**Nokunye okunembayo.**)

1.6.2 Umfundi angaveza okulandelayo nokunye okunembayo.
Ubugebengu abubuyiseli. (uMzwakhe wagcina eboshiwe waphinde walahlekelwa abantu abathandayo kakhulu: uZama noThandi.)
Awukwazi ukuphila impilo enobugebengu uphinde ube nokuthula empilweni yakho. (uMzwakhe wayengakwazi ukuthemba abantu kalula ngenxa yempilo azikhethela yona.)
Ubugebengu bukwenza uphile impilo yamanga. UMzwakhe wayethandwa kakhulu nguZama ngoba uMzwakhe wayekwazi ukumthengela yonke into futhi emphilisa impilo emnandi. Kwathi uma esekwazi ukuzimela uZama washiya uMzwakhe wathandana noRomeo.
Umfundi nomfundi angazivezela yena ukuthi angasisebenzisa kanjani empilweni yakhe.

Ulimi

Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 2

2.1 Kulo mbuzo kuzoya ngokuzikhethela komfundi.

Kwabesilisa:

UKK
UKhumbulani Kheswa odume ngelikaKK nguyena ophethe izigebengu emdlalweni futhi nguyena osebenzisa abantu ekwenzeni ubugebengu.
Izinhlobo zobugebengu: Ukuntshontsha izimoto, ukudayisa amadayimane angekho emthethweni, ukudayisa nezidakamizwa kanjalo nokwenza imali yomgunyathi.

UMzwakhe
Indaba iqala engumfundi osetshenziswa nguKK ukwenza bonke ubugebengu.
Izinhlobo zobugebengu: Ushushumbisa izimoto (uya kwamanye amazwe ukuhambisa izimoto ezintshontshiwe), amadayimane (uya eBotswana ukuyolanda amadayimane angekho emthethweni), ukubulala (wathumela uLumumba ukuthi ayobulala uThemba) nobunye ubugebengu.

USpider
Usebenzela uKK. Wenza yonke into ayitshelwa nguKK.
Izinhlobo zobugebengu: Wenza imali yomgunyathi ngaphansi kwesandla sikaKK.
(**Umfundi angaveza nabanye abalingiswa abafana noMaziya;** uLumumba)

Kwabesifazane:

UMartha
Ungumnikazi wethaveni engekho emthethweni. Wenza ubugebengu obungumshosha phansi futhi naye njengoKK usebenzisa abantu ekwenzeni ubugebengu.
Izinhlobo zobugebengu: Ukudayisa utshwala ngaphandle kwemvume. Wathumela uNomadayimane emzini kaKK ukuthi ayothatha izithombe ngaphandle kwemvume, uyagwazisa (ufuna imali kuKK ukuze angayi komceba/bophisa) nobunye ubugebengu.

UPutseletso
Uyintombi kaKK ehlala eGoli, uyisigebengu esinganakekile.
Izinhlobo zobugebengu: Uhlanganisa uKK noAdolf okunguyena owafika nomshini wokwenza imali yomgunyathi.
(Nalapha umfundi angafaka abanye besifazane njengoNomadayimane.)

2.2 UKK – usebenzisa uMzwakhe noSpider kanye namaphoyisa ekwenzeni ubugebengu.
UMartha uthumela uNomadayimane emzini kaKK ukuyothatha izithombe azozisebenzisela ukubamba uKK ukuze amnike imali.
(Umfundi angasebenzisa nokunye okusezimpendulweni ezingenhla.)

IEB Copyright © 2025

2.3 Amanye amaphoyisa ayingxenye yobugebengu kulo mdlalo. UMaziya uyiphoyisa elisebenza emngceleni ukuqapha ubugebengu kepha usebenzisana noKK ukudlulisa izimoto ezintshontshiwe. UMaziya uphinde atshele uKK mayelana nophenyo nokumnikeza ulwazi nokungamenza aboshwe.

- Kukhona namaphoyisa asebenza ngokuzikhandla njengoZondi osebenza kanzima ukuze uKK noMzwakhe bagcine beboshiwe.

2.4 Ubugebengu buthinta uThandi udadewabo kaMzwakhe kabi. Uqale alahlekelwe ukwethemba umfowabo ngesikhathi ethola ukuthi ubulale uThemba. Lokhu kwamenza uThandi agcine eseze wayakomceba emaphoyiseni ngoba ezama ukusindisa uZama.

- UZama ucishe waba sengozini yokubulawa ngumuntu ongubaba wengane yakhe. Ukube uMzwakhe wayengakwesabi ukukhipha umphefumulo womuntu wayengeke aze amlandele uZama aze acishe ambulale. Walahlekelwa ngubaba wengane yakhe uZama ngenxa yobugebengu. UZama uhambe noMzwakhe baya eBotswana engazi ukuthi uyokwenza ubugebengu. Lokhu bekungambulalisa noma aboshwe kanye noMzwakhe (Impilo kaZama yayihlale isengcupheni).
- UMartha wacishe wabulalisa uNomadayimane ngokumthumela kwaKK ukuyothatha izithombe ngaphandle kwemvume. Lokhu kwamfaka engozini enkulu. Wagcina ngokubaleka endaweni ngoba esaba ukuthi uzobulawa.
- Abalingiswa abaningi emdlalweni bebephila impilo yokwesaba.

Ulimi nohlelo.

Inani nokulibhala.

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 3

- Izizathu zikaMzwakhe zokuqhubeka nobugebengu emva kokusebenza eKapa.
  – Ukuthola imali esheshayo nokujabulisa uZama kanye nokufuna ukusiza ekhaya ngezidingo zakhona ikakhulukazi ukufundisa uThandi.
  – Ukuzizwa ebalulekile ukuze asondelane kakhulu nabantu ababalulekile kuyena njengoKK owayedlala indima enkulu empilweni yakhe.
  (**Nokunye okunembayo.**)

- Impilo kaMzwakhe yangaphakathi ejele.
  – Akaphathekile kahle ngoba bayamhlukumeza.
  – Akaphathekile kahle ngoba abantu abayizigebengu ezindala bamenza azizwe engelutho ngoba bafuna ukuziphindiselela kuKK.
  – Akaphathekile kahle ngoba abantu abanjengoLumumba ababoshelwa ukubulala bayamzonda benza isiqiniseko sokuhlangana nezinye iziboshwa ukuze kuhlukunyezwe uMzwakhe njalo.
  – Uphatheke kahle ngoba uthola ukuvikelwa ngabantu abahambisana noKK abakade baboshwa.
  – Uphatheke kahle ngoba usemusha futhi uzohlala isikhathi eside ejele ezinye iziboshwa azifuni ukuzithola ziphila kabuhlungu uma sezingenamandla.

- Ubudlelwane bukaMzwakhe nomndeni wakhe kanye nengane yakhe.
  – Ubudlelwano phakathi kukaMzwakhe nomndeni wakhe abubuhle ngoba nguThandi owabophisa uMzwakhe.
  – Abubuhle ngoba umndeni wakhe wonke usola yena ngokuba yindlavini nokuthanda imali esheshayo. Ababuboni ubunzima uMzwakhe akade ebhekene nabo.
  – UZama akafuni lutho oluzomhlanganisa noMzwakhe ngoba useyabona kahle ukuthi uMzwakhe ucishe wamlimaza waphinde wabeka impilo yengane engozini enkulu.
  – UZama usethole isoka elisha akasenendaba noMzwakhe lokhu kwenza kube lukhuni ukuthi abuze ngempilo yengane futhi abamvakasheli.

- Izeluleko zikaMandla kuMzwakhe njengoba esejele.
  – Ubhuti Mandla angameluleka uMzwakhe ukuba azame ukuziphatha kahle kakhulu ukuze isigwebo sakhe sincishiswe.
  – Angameluleka ngokuthi njengoba engaphakathi kumele azame ukufundela umsebenzi othile ukuze aphume eseneziqu ukuze akwazi ukuthola umsebenzi kalula uma esephuma ejele.
  – Angameluleka ukuba azihlanganise nabantu abenza izinto ezinhle ngaphakathi njengokuthandaza nokufunda ibhayibheli nokwenza umsebenzi wezandla ukuze umqondo wakhe ungeke ugxile kakhulu ebugebengwini nasekwenzeni izinto ezimbi ezingamfaka enkingeni.
  – Angameluleka ukuthi azame ukuhlukana nobugebengu ngoba uma eqhubeka nobugebengu angagcina esenza icebo lokweqa ejele. Lokhu kungamenza abe senkingeni yokwandiselwa iminyaka eminingi esejele.

Ukwabiwa kwamamaki:
Ingqikithi (okusendabeni = 7 okwakho = 3)
Isakhiwo (isingeniso sengxoxo – ½, ukweqa imigqa – ½, imizwa – ½, block format – ½)
Ulimi nohlelo (izivumelwano – ½, isipelingi – ½, ulimi olunothile – 1)
Inani lamagama nokulibhala

UMBUZO 4

Empendulweni yakho bhala ngalokhu:

Isingeniso

Imibono yabafundi ingehluka ngoba abanye bangathanda ukuhambisana noma ukuphikisana nalo mbono. Abanye ngeke bathathe uhlangothi ngenxa yokuthi lokhu kuyenzeka kodwa akugqamile. Yonke imibono yemukelekile inqobo uma umfundi ekwazi ukweseka imibono yakhe.

– **Ukuvumelana nesitatimende**
  Abantu besifazane abaningi endabeni njengoZama bathanda izinto ezinhle nokuphila impilo emnandi. Yikho kwakulula kuyena ukuthandana noMzwakhe besafunda isikole futhi uMzwakhe emenzela izinto ezinhle aze ahambe naye bazikhiphele ezindaweni eziningi ezifana nePavillion. Wayevumela yonke into eyayishiwo nguMzwakhe njengokuthandana noThemba.
  Abanye abalingiswa ababengenza noma yini ngenxa yemali kwakunguMartha owayenendawo yakhe yokudayisa utshwala engenalayisense. Wazama ukugwazisa isigebengu esikhulu uKK ukuze athole imali.
  UNomadayimane wavuma ukuyosebenza kwaKK ukuze ashuthe izithombe ezingasetshenziswa nguMartha. Wavuma ukuthatha imali kuMartha ukuze abalekele uKK nezigebengu zakhe.
  Ukuphikisana nesitatimende
  Abantu besifazane abaningi benza izinto ezinobugebengu ngoba bephoqwa yisimo sezimali. Ithaveni kaMartha ayikho emthethweni ngoba ukubhalisela imvume isikhathi esiningi kuthatha isikhathi eside. Yingakho uMartha waze wakhetha ukwenza ubugebengu. UMartha wayezibona ethatheka kancane okwenza wazama ukuqola isigebengu esinguKK.

Umzimba

Abantu besifazane abakulo mdlalo nezinto abazenzayo ukuze bathole impilo engcono/imali/uthando/namandla

UMartha noPutseletso

Laba bantu besifazane bayizigebengu futhi basebenzisa abanye abantu ukuze benze ubugebengu. UPutseletso waxhumanisa uKK noAdolf ukuze athathe umshini wokwenza imali kepha akavezi ukuthi yena uzotholani ngisho noma eseboshiwe uKK yena akabalwa ebugebengwini. UMartha yena wasebenzisa uNomadayimane ukuthi ashuthe izithombe emzini kaKK. Akamxwayisi ngobungozi azifaka kubona. UNomadayimane ugcina ebaleka. Naye uMartha akaboshwa futhi akabalwa ezigebengwini.

UMartha noPutseletso bayizigebengu ezinkulu ezifuna ukubonisa amandla azo phezu kwabantu besilisa.

IEB Copyright © 2025

UZama noNomonde

UZama uthandana noMzwakhe engakaze ambone eya emsebenzini kepha wayenemali yokumthengela izingubo nokumkhipha. Wavuma ukwenza sengathi uyamthanda uThemba ukuze ajabulise uMzwakhe. Akazivikeli/Akenzi ucansi oluphephile yikho waze wakhulelwa esafunda isikole. Ukulala noMzwakhe esemncane kwakukhombisa ukuthi angenza noma yini ukuze ajabulise uMzwakhe, ukuze athole uthando lukaMzwakhe.

UNomonde wazithola eseheha uMzwakhe owagcina eselala naye. Ukuheha kwakhe uMzwakhe kwakuyindlela yakhe yokuthi azizwe ethandwa njengoba isoka lakhe uJerry lamlahla lashada nomunye umuntu. Uphinde azithole eselandela uMzwakhe esephindele ekhaya eKZN.

Umfundi angabhala ngabanye abalingiswa njengoNomadayimane abavuma ukuthunyelwa emzini kaKK ukuze bathole imali.

- Imiphumela yezenzo zabantu besifazane.
  uPutseletso

  UPutseletso wahlanganisa uKK noAdolf ayehlose ukuba basebenzisane ngomshini wokwakha imali yomgunyathi. Ngenxa yobugovu uKK wazithola esengene obishini olukhulu. UKK wagcina esethengisela uAdolf amadayimane. UKK wagcina eboshwa futhi eba nenhliziyo engaphandle. Noma esebonile ukuthi amaphoyisa ayamlandela waqhubeka wazihlanganisa nomuntu owalethwa nguPutseletso.

  uMartha

  Izenzo zakhe zancisha uNomadayimane inkululeko njengoba ayeseziqhathe nesigebengu esikhulu esaziwayo. Wazithola esehamba endaweni. Ngenxa yokufuna imali esheshayo uMartha walahlekelwa yikhaya lakhe elaqhunyiswa nguKK ngesiqhumane ngoba ezama ukubulala yena uMartha. Izenzo zikaMartha zazifaka yena kakhulu engozini ngenxa yokufuna ukuzizwa enamandla.

  uZama

  Ukuba nguthathekile kwakhe kwabulala uThemba owayemthanda ngeqiniso. Ukunganqabi kwakhe yikhona okwenza uThemba aqhubeke nokumkhombisa uthando kanti yena uyazi ukuthi umenza isilima. uZama uthandana noRomeo engakahlukani noMzwakhe okwafaka uRomeo engozini yokuthi angabulawa nguMzwakhe.

  uNomonde

  Ukufuna uthando ngenkani kuMzwakhe kumfaka engozini njengoba waya endaweni angayazi eya kofuna umuntu angamazi kahle. Izenzo zakhe zalimaza ubudlelwano bukaMzwakhe noZama. Emva kokufika kwakhe ekhaya likaZama izinto aziphindanga zaba zinhle phakathi kukaMzwakhe noZama.

(**Nokunye okunembayo.**)

- Umfundi uvumelekile ukusebenzisa noma yiluphi uhlobo lombhalo noma umdlalo ukuqhathanisa izenzo zabalingiswa.

IEB Copyright © 2025

uZama

Angaqhathaniswa nabantu abaningi abatholakala emidlalweni eyahlukahlukene njengoMbali indodakazi kaLindiwe kwi*The River*. (UMbali wayethola yonke into ngoba umama wakhe enemali kepha wayehluleka ukuzihlonipha enza noma yini ukuze athole uthando ngaphandle.)

UMartha noPutseletso

Bangaqhathaniswa noLindiwe Dikana noHarriet Khoza ababengeneliswa yimali abanayo abayithole ngobugebengu kepha beqhubeka benza obunye ubugebengu ngaphezu kobunye.

UNomadayimane

Naye baningi angaqhathaniswa nabo njengoSibongile emdlalweni kamabonakude i*Sibongile and Dlamini's*. Angaphinde aqhathaniswe noBuyi noSma encwadini *Uthando Lungumanqoba*. Bona babeqwayiza ukuze bakhokhele uMumsy imali ye-*rent* babengakwenzi abakwenzayo ukuze baphume kule mpilo ababeyiphila.

Isiphetho

- Izeluleko ongazinika laba bantu besifazane:
  Lapha umfundi ulindeleke ukuthi asebenzise ikhono lakhe lokukhetha amagama.
  – Angagqugquzela abesimame ukuthi basebenzise imiqondo yabo ekwenzeni izinto ezisemthethweni njengakho ukudayisa ngemvume.
  – Angabagqugquzela ukuthi baziqhelelanise nezigebengu mhlawumbe ngokusuka endaweni asebeyijwayele kakhulu bayoqala impilo kabusha nabantu abasha, babe namaphupho abangakwazi ukuwafeza ngoba bakhaliphile.
  – Angagqugquzela uZama ngokuthi akanake izincwadi akhohlwe abantu besilisa asebenzele ingane yakhe naye azilungise ukuze angazifaki ebudlelwaneni kungenasidingo.
  (**Nokunye okunembayo.**)

  Uhlelo nolimi
  Isakhiwo (Isihloko – ½; Izigaba – ½)
  Inani lamagama nokulibhala

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

UMBUZO 5

Phendula **uMbuzo 5.1** NOMA **uMbuzo 5.2**. Bhala amagama ayi-**150** kuya kwayi-**180**.

5.1 Amaminithi

Isakhiwo esifanele sibalulekile kulo mbuzo. Umfundi angabhala ngokulandelayo nokunye okunembayo ngephuzu ngalinye.

Izindaba ezintsha

- Abafundi bakhombise ukungeneliseki ngesikhathi sokubhala izivivinyo zokuzilungiselela ngoba ugesi ubuphela besabhala kanti nesikole asinawo ama*Generator*. Lokhu kuphazamise kakhulu abafundi abenza izifundo zekhompyutha neze*Graphics Design*. Abafundi baphakamise ukuthi isikole sithenge ama*Solar panels* ngoba ahambisana kahle kakhulu nokongiwa kwemvelo.
- Imithetho emisha yokuthi abafundi bafunde *online* uma amanzi engekho lokhu kuyashayisana uma kuyizikhathi zokuhlolwa ngoba abakwazi ukubhala *online*. Amanzi ayisidingo ngqangi sempilo, abafundi baphakamise ukuthi kuthengwe amathangi (*JOJO tanks*).
- Abafundi bangaveza izindlela ezahlukene zokwenza abafundi bebanga 12 bazizwe bekhethekile. Kungaba ikhonsathi elincane lomculo othandwa ngabafundi. Kungaba yiphathi lapho kukhona othisha nabafundi kanye ne*SRC* kuphela.
- Abafundi bangaveza isifiso sokuthengela isikole isipho esihle abazokhunjulwa ngaso njalo. Lapha abafundi bangazikhethela abakuthandayo okungasiza isikole njengama*JOJO tanks*, *water fountains* angasiza kakhulu uma kungekho amanzi nokunye okunembayo.
- Abafundi bangabeka imibono ehlukahlukene yokukhuphula isikhwama (*fundraising*) njengokuthi bahambe becela kubantu ezitolo nakwezinye izindawo, ukubhalela izindawo ezahlukene nokucela abazali abanamabhizinisi ukuba balekelele.

Isakhiwo
Ulimi nohlelo
Inani lamagama nokulibhala

NOMA

IEB Copyright © 2025

5.2 Incwadi esemthethweni

Isakhiwo esifanele nokusebenzisa wonke amaphuzu kuyoklonyeliswa.

Encwadini yakho faka okulandelayo:

- Umfundi angazifakela igama lesikole. Izizathu zokuxhasa lesi sikole kungaba: Isikole besiyingxenye ye-*outreach programme.* Isikole kungenzeka ukuba sisebenzisana nesikole sakhe umfundi ukuthi sikhiqize abafundi abazothola imifundaze esikoleni sakhe emabangeni aphezulu. Isikole umfundi asikhethile kungenzeka ukuthi i*social responsibility.* Umfundi angaveza ubudlelwano anabo nesikole leso njengokuthi wayefunda kusona emabangeni aphansi.
- Umfundi angaveza ukuthi lesi sikole sisendaweni embi lokhu kwenza ukuthi abafundi bangene kalula ezintweni ezingalungile, njengezidakamizwa nasebugebengwini obuhlukahlukene. Angaveza ukuthi isikhathi abafundi abasichitha bengenzi lutho emva kwesikole kungabulala ikusasa labo njengokuthi amakhono abo angagcina engavelanga kepha bawele ebugebengwini.
- Umfundi angaveza ukuthi isikole lesi sinabantwana bamantombazane nabafana noma ngesobulili obubodwa. Bangadinga izimpahla zebhola lezinyawo: amajezi, amabhola, amagilavu, njll. Kungenzeka badinge izinduku zokudlala ikhilikithi, izimpahla zokudlala ibhola leragbhi, njll.
- OKUNYE: umfundi uvulelekile ukwenaba noma ngaliphi iphuzu elithinta ezemidlalo njengokuthi kukhona umdlali odumile owake waphuma kulesi sikole abasikhethile, njll.

Isakhiwo

- Ikheli lobhalile nobhalelwayo
- Usuku – inyanga ngesiZulu
- Igama lobhalelwayo
- Isibingelelo
- Isingeniso
- Umzimba
- Isiphetho
- Yimina u …
- Igama lobhalile

Ulimi nohlelo:

- izimpawu zokubhala
- isipelingi
- isitayela nethoni
- ulimi olunothile

Inani lamagama nokulibhala

Amagama anele, ukubhala inani lamagama

UMBUZO 6

6.1 Isibonelo semenyu

Ukwabiwa kwamamaki:

Ingqikithi
Imenyu yesidlo

- **Isidlo sokuqala:** *Focaccia bread* ezodliwa nokokugcoba okuhlukahlukene, nejusi yezithelo.
- **Isidlo sesibili:** Umlenzana wemvu ohambisana namamazambane acutshiwe (*mashed potatoes*).
- **Isidlo sesithathu:** U-ayisikhilimi ohambisana nesosi yeshokoledi.

Indlela yokwenza isidlo

Umfundi makaveze izithako azozisebenzisa kanjalo nendlela yokwenza isidlo sakhe.

Isakhiwo

- Ukuhlukanisa imenyu nendlela yokwenza.
- Ukubhala ngokulandela izithako kanye nendlela yokwenza.

Ulimi nohlelo
Inani lamagama nokulibhala

NOMA

6.2 Umlando kamufi

Ukwabiwa kwamamaki:

Isakhiwo

Isihloko esinamagama aphelele kamufi.

Ukuvalelisa ekugcineni; isibonelo: Phumula ngoxolo Gatsheni. Ndlela-nhle Boyabenyathi.
Sengathi umphefumulo wakho ungaphumula ngoxolo, njll.

Ingqikithi

Oshonile – amagama akhe aphelele.

- Imininigwane yakhe (wazalelwaphi, uzalwa obani).
- Imfundo yakhe nalapho asebenze khona.
- Amagalelo akhe (izikhundla zakhe/imiklomelo, njll).
- Usuku ashone ngalo.
- Abantu abashiye emhlabeni isib: abazali, ozakwabo, inkosikazi noma indoda yakhe nezingane zakhe.

Ulimi nohlelo: izivumelwano, isipelingi,
Inani lamagama nokulibhala
amagama anele,
ukubhala inani lamagama

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2025